Indlela Yokuthola Abangane Abaqotho

Iziyalezo: Yenza lesi sivivinyo endaweni ethule. Njengoba ufunda imiBhalo, zibone uhilelekile kuleso senzakalo. Sibone ngeso lengqondo. Yizwa amazwi. Zizwe ngendlela abalingiswa abazizwa ngayo. Yenza le ndaba iphile.

Abalingiswa abayinhloko: UJonathani, uDavide noSawule

Indaba efingqiwe: Ngemva kokuba uDavide ebulele uGoliyati, uDavide noJonathani baba abangane abakhulu.

❶ ***HLAZIYA ISIGCAWU.—FUNDA EYOKU-1 SAMUWELI 17:57–18:11; 19:1; 20:1-17, 41, 42.***

Ucabanga ukuthi uSawule wayebukeka kanjani? (Bheka eyoku-1 Samuweli 10:20-23.) ____

Ngesikhathi uJonathani noDavide beqala ukuhlangana, cishe uDavide wayeseyibhobhodleyana. Ucabanga ukuthi wayebukeka kanjani? (Bheka eyoku-1 Samuweli 16:12, 13.) ____

Amaphimbo abo akutshela ukuthi babezizwa kanjani ngesikhathi behlukana, njengoba ingxenye yokugcina kweyoku-1 Samuweli isahluko 20 ibonisa? ____

❷ ***CWANINGISISA.***

Ukulandisa kuthi "umphefumulo kaJonathani wanamathelana nomphefumulo kaDavide"—noma, ngokwe-*Contemporary English Version,* "uDavide noJonathani baba abangane abakhulu." (1 Samuweli 18:1) Yiziphi izimfanelo uDavide ayenazo okungenzeka ukuthi zenza uJonathani wamthanda? (Bheka eyoku-1 Samuweli 17:45, 46.) ____

UJonathani wayeshiya uDavide cishe ngeminyaka engu-30. Ucabanga ukuthi yini eyabasiza ukuba babe "abangane abakhulu" naphezu kwegebe elingaka leminyaka? ____

Yiziphi ezinye zezimfanelo ezenza umuntu abe umngane oqotho njengoba le ndaba emnandi ibonisa? (Bheka izAga 17:17; 18:24.)

Kungani uJonathani aba qotho kuDavide ngaphezu kokuba qotho kuyise?

3 *SEBENZISA OKUFUNDILE. BHALA LOKHO OKUFUNDILE MAYELANA . . .*

Nobungane.

Nokuba qotho.

Nokwakha ubungane nabantu abadala kunawe.

Yini ongayenza ukuze wakhe ubungane nabantu abakahle futhi nabo bazizwe bedonseleka kuwe?

4 *YINI EKUHLABE UMXHWELE KAKHULU NGALOKHU KULANDISA, FUTHI NGANI?*

www.jw.org © 2010 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania